Qapha Izifiso Ezingafanele
UDavide noBhati-sheba—Ingxenye 1

Iziyalezo: Yenza lo msebenzi endaweni ethule. Njengoba ufunda imiBhalo, yizwa amazwi. Zizwe ngendlela abalingiswa abazizwa ngayo. Yenza le ndaba iphile.
Abalingiswa abayinhloko: UDavide, uBhati-sheba, u-Uriya noJowabe
Indaba efingqiwe: UDavide wenza isono esibi kakhulu bese ezama ukusifihla.

1 HLAZIYA ISIGCAWU.—FUNDA EYESI-2 SAMUWELI 11:1-27.

Dweba isithombe esibonisa ukuthi uphahla uDavide ayemi kulo luqhele kangakanani endaweni uBhati-sheba ayegeza kuyo.

Ungabuchaza kanjani ubuntu babalingiswa abayinhloko kule ndaba ethakazelisayo?

UDavide _____

UBhati-sheba _____

U-Uriya _____

UJowabe _____

Yimuphi umuzwa “owuthola” ephimbweni lika-Uriya njengoba ekhuluma noDavide evesini 11?

_____

_____

2 CWANINGISISA.

Ucabanga ukuthi iyiphi indima uJowabe aba nayo ekufeni kuka-Uriya? (*Phinda ufunde amavesi 14-17.*) _____

_____

Ucabanga ukuthi iyiphi indima uBhati-sheba aba nayo, uma ikhona, ekufeni kuka-Uriya?
(Umkhondo: *Phinda ufunde* eyesi-*2 Samuweli 11:4;* bese ufunda uLevitikusi 20:10.) _____

_____

Kwakufanele ngabe ukuphi uDavide ngesikhathi ebona uBhati-sheba? (*Phinda ufunde eyesi-2 Samuweli 11:1.*) _____

_____

IBhayibheli libikezela ukuthi uNkulunkulu uzovusa abantu abaningi abaye bafa. Lapho bevuswa, yiziphi izindaba ezinzima okuyodingeka uDavide, u-Uriya, uBhati-sheba noJowabe baxoxe ngazo? _____

_____

_____

www.jw.org/zu © 2013 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

UDavide waphula miphi imithetho futhi isiphi isijeziso ayengasithola? (Umkhondo: Funda u-Eksodusi 20:13, 14, 17, uGenesise 9:6 noDuteronomi 22:22.) _____

_____

Kungashiwo ngayiphi indlela ukuthi uDavide waphula nomthetho otholakala ku-Eksodusi 20:15?

_____

_____

3 SEBENZISA LOKHO OKUFUNDILE.

Bhala phansi okufundile ngokuphathelene . . .

Nengozi yokukhulisa izifiso ezingafanele. (Jakobe 1:14, 15) _____

_____

"Nokulandela iziqondiso" ngokunganaki ezingqubuzana nemithetho kaNkulunkulu. _____

_____

Nemiphumela yesono, ngisho noma ububi bungabonakali ngokushesha kuwe noma kwabanye abantu. (*Phinda ufunde eyesi-2 Samuweli 11:27.*) _____

_____

4 ZIBUZE.

Kukuziphi izimo lapho ngingalingeka ukuba ngiqhubeke ngibuka okuthile okuzokhulisa izifiso ezingafanele? _____

_____

Ngingazivikela kanjani ekufiseni izinto uNkulunkulu azizondayo? _____

_____

Yisiphi isifundo esiye sangithinta ngokukhethekile kule ndaba futhi kungani? _____

_____

Zama lokhu: Yenza le ndaba ibe umbiko wezindaba. Xoxa nabalingiswa abayinhloko nofakazi bokuzibonela.

JW.ORG™

Dawuniloda le PDF engosini ethi www.jw.org/zu

www.jw.org/zu © 2013 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania